



# Environmental Justice Fund

BY ACTIVISTS • FOR ACTIVISTS

## Isicelo Seziphakamiso: Agasti 2022

### Mayelana Ne-EJF

ISikhwama Sobulungiswa Bezemvelo (Environmental Justice Fund (EJF)) yinhlango eqhutshwa yizishosho ezizibophezele ekuthuthukiseni ubulungiswa bezemvelo ngokweseka izinhlango nemifelandawonye ezinze emiphakathini eNingizimu Afrika.

### Obani Abaxhaswa Yi-EJF

Ukuze abafakizicelo bafaneleke ukuxhaswa yi-EJF, kumele:

1. Babe yinhlango noma umfelandawonye (hhayi umuntu oyedwa);
2. Bazinze emiphakathini abawusebenzelayo futhi babe yingxenye yawo;
3. Kube ukuthi basebenza ngobulungiswa bezemvelo;
4. Kube ukuthi basebenzela eNingizimu Afrika.

I-EJF ixhasa izinhlango ezindala nezintsha. Akudingeki ubhaliswe ngokusemthethweni ukuze sikuxhase.

### Lokho Okuxhaswa Yi-EJF

Sixhasa imisebenzi yezishosho zobulungiswa bezemvelo. Siliqonda kabanzi igama elithi 'ubulungiswa bezemvelo'. Ngenxa yalokho, i-EJF ingase ixhase umsebenzi, phakathi kweminye: Ezezimayini; Amandla noguquko lobulungiswa; Utholakala kokudla; Amanzi; Ukungcoliswa komoya; Ubulungiswa besimo sezulu; I-Ecofeminism; Ezenhlalo; Amalungelo omhlaba; Ukugqugquzelwa kolwazi lwendabuko; Ezinye izindlela ezizinzile zokuziphilisa; Impilo yezemvelo; Ukuthola ulwazi lwezemvelo; nokubamba komphakathi iqhaza ekuthathweni kwezinqumo mayelana nezinsiza zemvelo. Lolu luhlu aluphelele futhi sizocubungula izicelo ezingaphandle kwalezi zingxenye uma injongo yazo isesewukulwela ubulungiswa bezemvelo.

Imisebenzi i-EJF engase iyixhase ibandakanya:

- Umcimbi othile (njengombhikisho, umhlango noma umbuthano wokucobelelana ngolwazi);
- Ukuhlela, imikhankaso kanye nokugqugquzela;
- Ucwango oluholwa ngumphakathi;
- Ukumangalela okwenziwa yizinhlango zomphakathi;
- Izinhlelo zokufundisa umphakathi ngemvelo; kanye
- Nezinhlalo zokuqinisa inhlango.

### Indlela olusebenza ngayo uxhaso lwe-EJF

I-EJF ixhasa isikhathi esisuka ezinyangeni ezintathu kuye eminyakeni emibili. Uxhaso lwethu lungaqala ku-R15 000 kuya ku-R120 000. Ubukhulu boxhaso buhambisana nobude boxhaso, nokuthi inhlango ifuna ukuyisebenzisela ini imali. Siphinde sixhase ngezimali ngokusiza ekwakheni amakhono okusebenza nangokunixhumanisa nabanye. Uma isicelo sakho siphumelele, sizoxoxa ngohlobo losizo ongase uludinge.



### Indlela yokufaka isicelo

Kunezindlela ezimbili ongafaka ngazo isicelo:

1. Gcwalisa isicelo kuwebhusayithi yethu lapha <https://ejfunds.org.za/apply-for-support/>.
2. Dawuniloda leli fomu <https://ejfunds.org.za/apply-for-support/bese> ulithumela nge-imeyili seligcwalisiwe [ku-proposals@ejfunds.org.za](mailto:ku-proposals@ejfunds.org.za). Uma ungeke ukwazi ukwenza lokho, ungalishutha bese izithombe zalo ligcwalisiwe uzithumele nge-WhatsApp ku-078 291 0014, nakuba sikukhuthaza ukuba ulithumele nge-imeyili uma kungenzeka.

Umqamulajuqu wokufaka izicelo ungomhla ka-**30 Septhamba 2022**. Sicela uphawule ukuthi azikho izicelo ezifike sekwephuzile ezizocutshungulwa.

**Kunemibuthano emibili yokucobelelana ngolwazi ezoqhutshwa yi-EJF ngemishini yokuxhumana ezokwenzelwa labo abafuna ukufaka izicelo, ngomhla ka-7 Septhamba 2022 kusukela ngo-6 kuya ku-7 ntambama, nangomhla ka-10 Septhamba 2022 kusukela ngo-10 kuya ku-11 ekuseni. Sicela usithumelele i-imeyili ku-[info@ejfunds.org.za](mailto:info@ejfunds.org.za) ngaphambi komhla ka-7 Septhamba 2022 ukuze uthole ilinki.**

### Obani abanquma ngesicelo sakho

IKomiti Yoxhaso Lwe-EJF ifunda zonke iziphakamiso bese ithatha izinqumo ngokuthi ubani ozoxhaswa. IKomiti Yoxhaso yakhiwe yizishosho ezinolwazi emkhakheni wezobulungiswa bezemvelo. Ungafunda okwengeziwe ngabo lapha <https://ejfunds.org.za/the-team/>.

### Esikubhekayo esiphakamisweni

- Ukuthi imisebenzi ehlongozwa yinhlangano yakho izobuthuthukisa kanjani ubulungiswa bezemvelo nendlela ezowuzuzisa ngayo umphakathi wakini.
- Izinga lokuhleleka nelokuzibophezela enhlanganweni yakho – ihlelwe kanjani inhlangano yakho, nizithatha kanjani izinqumo, niwubikela kanjani umphakathi ngenqubekela phambili?
- Ukuthi isiphakamiso sakho sibonisa ukuqamba izinto ezintsha noma ubuhlakani.
- Izinga abesifazane: (a) ababambe ngalo izikhundla eziqavile enhlanganweni yakho; kanye (b) nabazozuza ngalo kuphrojekthi/umcimbi/umkhankaso ohlongozwayo.
- Izinga abantu abasebasha (abangaphansi kweminyaka engama-35): (a) ababambe ngalo izikhundla eziqavile enhlanganweni yakho; kanye (b) nabazozuza ngalo kuphrojekthi/umcimbi/umkhankaso ohlongozwayo.
- Sinanentshisekelo yokuthi ingabe uke wabambisana yini nezinye izinhlangano esikhathini esidlule (futhi uma kunjalo, ukuthi ozakwenu bangathini ngawe) nokuthi bakhona yini ohlela ukubambisana nabo emcimbini / emkhankasweni owuhlongozayo lowo ocela ukuxhaswa kuwo njengamanje.

Kukhona nezinye izinto ezimbalwa esizibhekayo ezihlobene neziphakamiso esizithola njengeqembu. Nazi:

- I-EJF ifuna ukuxhasa inhlanganisela yezinhlangano ezindala nezintsha.
- I-EJF ingathanda ukuxhasa izinhlangano ezisebenza ezinhlotsheni ezihlukene zezindaba zobulungiswa bezemvelo, kunokugxila esicini esisodwa nje, isib. izimayini.
- Sizama ukuqinisekisa ukuthi uxhaso lwethu alugxili endaweni eyodwa kuphela eNingizimu Afrika.
- Ngeke sikwazi ukuxhasa wonke umuntu. Lokhu kungenxa yokuthi imithombo yethu yemali ayinayo imali eyanele. Kubangelwa nawukukholelwa kwethu ekusizeni nangezinye izindlela ngale kwemali, ngakho lapho sizibophezela ekuxhaseni inhlangano, sisuke sifuna ukwenza isiqiniseko sokuthi singakwazi ukufeza lokho kuzibophezela ngendlela efanele.



Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa, sicela ufunde uHlaka Lokukhishwa Koxhaso olutholakala lapha <https://ejfunds.org.za/apply-for-support/>. Inqubo yesicelo nayo ifingqiwe kule ncazelo <https://ejfunds.org.za/apply-for-support/>. Uma unemibuzo noma kunosizo oludingayo, sicela usithinte ku-[info@ejfunds.org.za](mailto:info@ejfunds.org.za) noma ku-078 291 0014.